

ABAKWA-SARS BATHATHA IZINYATHELO ZOKUPHEPHA KU-COVID-19 EMAGATSHENI NASEZINTUBENI ZOKUNGENA

PRETORIA, ngeSonto 8 kuNdasa 2020 – UPhiko lweziMali eziNgenayo eNingizimu Afrika (SARS) selumemezele ukuthi luthatha izinyathelo ezimbalwa zokuphepha luzama ukubhekana nobungozi bokutheleleka ngegcwane elaziwa nge-Novel Coronavirus (COVID-19).

UKhomishana u-Edward Kieswetter uthethe ukusebenza kwaka-SARS kwentela, umnyango wokuthelisa nentelo kuzoqhubeka njengokujwayelekile kuwo wonke amagatsha akwa-SARS, emahhovisi nasezintubeni zokungena. Lezi zinyathelo zihambisana futhi zeseka eminye imizamo eyenziwa uMnyango wezeMpilo.

Abakhokhintela abavakashela amagatsha ethu bazothola izihlanzandla ezibulala amagciwane kuwo wonke amagatsha akwa-SARS. Abakwa-SARS bazophinde baqiniseke ukuthi zonke izindawo zokusebenza nezihlinzeka ngosizo ezivame ukuthintwa ngezandla zizogcinwa zihlanzekile ngokuthi kusetshenziswe izibulalimagciwane ezikhethekile. Abakhokhintela bazohlizekwa ngolwazi ngezinyathelo eziyisisekelo zokuvikela ukusabalala kwe-COVID-19.

Phezu kwalokho, uKhomishana wakwa-SARS uthethe, “Emasontweni adlule, abakwa-SARS banike izisebenzi zoMnyango wokuThelisa nasezintubeni zokungena izinsiza zokuzivikela kubandakanya izisithelo (amamaski), amagilavu kanye nezihlanzandla ezibulala amagciwane ngokuhambisana neMihlahlandlela kaHulumeni kaZwelonke”.

Izisebenzi zoMnyango wokuThelisa wakwa-SARS zizophinde zilekelelwe yizisebenzi zezempilo ezizohlola abahambi abangena eNingizimu Afrika.

Izisebenzi zakwa-SARS zixhumana neziphathimandla zoMnyango wokuThelisa zamazwe esakhelene nawo ukuze kusatshalaliswe ulwazi mayelana nobhedukane lwe-COVID-19 kanye nezinyathelo zokulwisana nobungozi bokutheleleka.

“Ngicela bonke abakhokhintela nabahwebi ukuba baqaphele ulwazi olukhona lokuthatha izinyathelo zokuvikela impilo nenhlalakahle yabo. Umyalezongqangi wethu kuzisebenzi zethu, kanjalo nakubakhokhintela, abahwebi kanye nabahambi ukuthi bangethuki, kodwa bazinakekele futhi bacabangele nabanye abantu.

“Kulokhu-ke, uma besola izimpawu zomkhuhlane kumele banyuse izinga lenhlanzeko, ikakhulukazi ukuvama ukugezisa izandla; ukunciphisa ukuxhawulana nokuhamba bahlale emakhaya.”

“Sifuna ukuqinisekisa bonke abakhokhintela, abahwebi kanye nabahambi ukuthi abakwa-SARS, ngokubambisana neminyango kahulumeni, badlala eyabo indima ekubhekaneni ngegcwane i-COVID-19.”

Abakwa-SARS bazophinde banibhalele uma kunesidingo.